



## It's holiday time!

The school year is almost over and soon it will be that time of year when most of us are able to spend more time than usual with family and friends. It's time for that long-awaited end-of-year break. That time of year when we can all slow down a bit, relax and spend time doing more of the things we enjoy.

Hopefully, one of things you enjoy doing is reading! Even if you don't get much time to read during the rest of the year, the December holiday offers a great opportunity to spend time with a good book or two. What's more, as you read, you'll be providing a positive example for your children!

When your children see you relaxing with a book, they learn that reading is something you do for pleasure. They learn that reading is something that can be done for leisure. And so, without even trying to, you are being a powerful reading role model for your children and helping them to become lifelong readers.

Often there are also a lot of celebrations around this time of the year. As adults, there are times when we think back to how we experienced these celebrations as children. That means that we have stories to tell! Have you ever thought about sharing these stories about your childhood with your children? Stories help them to develop their imagination and creativity. They help them to develop their language and thinking. And, sharing the stories of your childhood, helps to connect the generations of your family. These stories give children a sense of where they come from and who they are.

The holidays also mean that we have more time to spend with our children – and this is a real reward for them. We have time to spend reading their favourite stories to them, and finding new ones to enjoy too. We also have time to do other fun reading and writing activities that connect with their interests. (You can find some activity ideas for making reading and writing part of your family's holiday fun on page 3.)

Whatever you do and wherever you will be this holiday season, relax and have a fabulous, story-filled holiday!

## Yisikhathi samaholide!

Unyaka wesikole usuyaphela kanti kungekudala sekuzoba yisikhathi sonyaka lapho iningi lethu lizochitha khona isikhathi esiningi kunesijwayelekile nemindenini nabangani. Yisikhathi salelo khofu ekade sililindile lokuphela konyaka. Leso sikhathi sonyaka lapho sike sehlise isivinini kancane, sinethezeke nje, sichithe isikhathi senza izinto eziningi esizijabulelayo.

Siyathemba-ke ukuthi enye yalezi zinto ozithokozelayo ukufunda! Ngisho noma ungatholi isikhathi esingakanani sokufunda onyakeni wonke, amaholide kaZibandlela akunikeza ithuba elanele lokuchitha isikhathi esiningi ufunda incwadi eyodwa noma ezimbili ezimnandi. Okungaphezu kwalokhu ukuthi ngenkathi ufunda, uzoba yisibonelo esihle ezinganeni zakho!

Lapho izingane zakho zikubona uphumula nencwadi, zifunda ukuthi ukufunda okubhaliwe kuyinto oyenzela ukuzithokozisa. Zifunda ukuthi ukufunda kuyinto engase yenzelwe ukuziphumulela nje. Ngakho-ke, ngaphandle kokukuzama lokhu, uyisibonelo esihle esinamandla sokufunda ezinganeni zakho, uyazisiza ukuthi zibe abafundi impilo yazo yonke.

Kuvame ukuba kubuye kube nemigubho eminingi ngalesi sikhathi sonyaka. Njengabantu abadala, kunezikhathi lapho sikhumbula emuva ukuthi le migubho sasiyibuka kanjani thina siseyizingane. Lokho kusho ukuthi sinezindaba esingazixoxa! Uke wakucabanga nje ukuxoxela izingane zakho lezi zindaba ezimayelana nesikhathi sakho ukhula? Izindaba zizisiza ukuba zithuthukise indlela yokuzakhela izithombe emqondweni nokuzidalela okobuciko. Zizisiza ukuba zithuthukise ulimi lwazo kanye nendlela yokucabanga. Futhi, ukwabelana ngezindaba zasekukhuleni kwakho, kusiza ukuxhumanisa izizukulwane zomndenini wakho. Lezi zindaba zinikeza izingane umuzwa wemvelaphi yazo kanye nalapho esezikhona.

Amaholide achaza futhi nokuthi sinesikhathi esengeziwe sokusichitha nezingane zethu – kanti futhi lokhu kungumklomelo wangempela kuzo. Siba nesikhathi esizosichitha sifunda izindaba ezizithandayo sinazo, kanye nokuthola ezintsha esizozithokozela ndawonye. Sinesikhathi futhi sokwenza ndawonye ezinye izinto ezithokozelekayo zokufunda nokubhala ezihambisana nalokho okusinikeza intshisekelo sindawonye. (Ungathola amanye amacebo okungenziwa ukuze ukufunda nokubhala kube yingxenywe yokuzithokozisa njengomndenini kulesi sikhathi samaholide ekhasini lesi-3.)

Noma ngabe wenzani futhi noma ngabe ukuphi ngalesi sikhathi samaholide, phumula, ufunde, ube neholide elimnandi eligcwele izindaba ezihlalabahlile!



Drive your  
imagination

Join us in taking the power of stories  
to the next level. Let's go!  
Hlanganyela nathi ukuthatha amandla ezindaba  
siwabeke ezingeni elilandelayo. Masihambenil





## Nal'ibali news

On 31 August 2017, Nal'ibali launched its third annual multilingual storytelling talent search, Story Bosso, at the Soweto Theatre. This contest is run every September to celebrate literacy month.

Two groups of school children who attended the event were treated to entertainment by three South African master storytellers: Gcina Mhlophe, Marc Lottering and Nal'ibali's own Bongani Godide.

Bongani Godide kicked things off with a story that had catchy phrases in it for the audience to join in with. Then it was the turn of Gcina Mhlophe to spark the children's imagination with a lively performance of her favourite folktales.

To help children and adults remember our nation's traditional stories, Nal'ibali had created a set of storytelling playing cards that feature common folktale characters, settings and objects. Marc Lottering showed the audience how to use these cards by choosing a few and then expertly creating his own stories with them on the spot! Then the audience was treated to a special surprise ... together Gcina and Marc made up and sang a song (with only six words in it!) about loving your home language.

After this it was time for the children to use the storytelling playing cards to tell and record their own stories in order to enter the contest and stand a chance of being crowned the 2017 Story Bosso!



Daniel Born

South African storyteller, Gcina Mhlophe, and comedian, Marc Lottering perform together.

Umxoxi wezindaba waseNingizimu Afrika, uGcina Mhlophe, nosomahlaya, Marc Lottering bethula umdlalo wabo ndawonye enkundleni.

## Izindaba zikaNal'ibali

Ngomhla zingama-31 kuNcwaba 2017, uNal'ibali wethula umncintiswano wakhe wesithathu waminyaka yonke wobuliminingi wokucinga abanekhono lokuxoxa izindaba, i-Story Bosso, eSoweto Theatre. Lo mncintiswano uyenziwa njalo ngoMandulo ukuze kugujwe inyanga yokufunda ukufunda nokubhala.

Amaqembu amabili ezingane zesikole ayehambe umcimbi lona athola ukujatshuliswa ngabaxoxi bezindaba abathathu baseNingizimu Afrika: uGcina Mhlophe, Marc Lottering nowalapha kuNal'ibali, uBongani Godide.

UBongani Godide waqala uhlelo ngendaba eyayinesiqubulo esithathekayo lapho izethameli kwakufanele zihlanganyele naye. Kwabe sekuba yithuba likaGcina Mhlophe lokushukumisa indlela yokucabanga kwezingane lapho ezixoxela izinganekwane zakhe azithandayo.

Ukusiza izingane nabantu abadala ukuba bakhumbule izindaba zethu zomdabu njengesizwe, uNal'ibali wasungula iqoqo lamakhadi okuxoxa izindaba ayesebenzisa kulo abalingiswa abajwayelekile bezinganekwane, izizinda nezinto ezinye. UMarc Lottering wakhombisa izethameli ukuthi asetshenziswa kanjani la makhadi ngokukhetha ambalwa, wawabeka ngobuciko bakhe, wakha ezakhe izindaba ngaleso sikhathi nje! Izethameli zabe sezithola okuthile okukhethekile ebezingakulindlele ... uGcina noMarc baqamba iculo balicula (ngamagama ayisithupha nje kuphela!) mayelana nokuthanda ulimi lwakho lwebele.

Emva kwalokho kwabe sekuyisikhathi sokuthi izingane zisebenzise amakhadi okuxoxa izindaba ukuze zixoxe ziphinde ziqophe ezazo izindaba ukuze zingenele umncintiswano, bese zizibeka nasethubeni lokuchonywa uphapho lokuba yi-2017 Story Bosso!



Daniel Born

There was time for the children to explore the special storytelling playing cards.

Kwaba nesikhathi sokuba izingane zibhekabeke amakhadi akhethekile okuxoxa indaba.



### NAL'IBALI ON RADIO!

Tune into the following radio stations to enjoy listening to stories on Nal'ibali's radio show!

**Ikwewezi FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.45 a.m.

**Lesedi FM** on Monday, Tuesday and Thursday at 9.45 a.m.

**Ligwalagwala FM** on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

**Munghana Lonene FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.35 a.m.

**Phalaphala FM** on Monday to Wednesday at 11.15 a.m.

**RSG** on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

**SAfm** on Monday, Wednesday and Friday at 1.50 p.m.

**Thobela FM** on Tuesday and Thursday at 2.50 p.m., on Saturday at 9.20 a.m. and on Sunday at 7.50 a.m.

**Ukhozi FM** on Wednesday at 9.20 a.m. and on Saturday at 8.50 a.m.

**Umhlobo Wenene FM** on Monday to Wednesday at 9.30 a.m.

**X-K FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.00 a.m.



### USEMSAKAZWENI UNAL'IBALI!

Lalela kulezi ziteshi zomsakazo ukuze uthokozele ukulalela izindaba ohlelweni lomsakazo lukaNal'ibali!

**Ku-Ikwewezi FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.45 ekuseni

**KuLesedi FM** ngoMsombuluko, ngoLwesibili nangoLwesine ngo-9.45 ekuseni

**KuLigwalagwala FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.10 ekuseni

**KuMunghana Lonene FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.35 ekuseni

**KuPhalaphala FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-11.15 ekuseni

**KuRSG** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.10 ekuseni

**KuSAfm** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-1.50 ntambama

**KuThobela FM** ngoLwesibili nangoLwesine ngo-2.50 ntambama, ngoMgqibelo ngo-9.20 ekuseni nangeSonto ngo-7.50 ekuseni

**KuUkhozi FM** ngoLwesithathu ngo-9.20 ekuseni nangoMgqibelo ngo-8.50 ekuseni

**KuUmhlobo Wenene FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.30 ekuseni

**KuX-K FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.00 ekuseni



# 10 fun holiday ideas

Here are some activities that incorporate reading and writing to keep your children entertained during the school holidays. The idea is to enjoy yourselves, so use the language/s you and your children feel most comfortable with.



## Amacebo ayi-10 athokozisayo ngesikhathi samaholide

Nansi eminye imisebenzi ehlanganisa ukufunda nokubhala ezogcina izingane zakho zimatatasata futhi zingenasizungu ngesikhathi samaholide ezikole. Inhloso ukuthi nizithokozise, ngakho-ke sebenzisani ulimi noma izilimi wena nezingane zakho enizizwa nikhululeke kakhulu ngazo.



**1 Read and listen.** Fill your holiday with new stories and old favourites by finding stories to read and listen to on Nal'ibali's website ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)) and mobisite ([www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)). Take a story with you wherever you go! Print them out, or read and listen to them on your computer or your cellphone.

**1 Funda ulalele.** Gcwalisa iholide lakho ngezindaba ezintsha nezindaba eziyizintandokazi ngokuthola izindaba zokufunda nenizozilalela kusizindalwazi sikaNal'ibali ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)) nakumobhusayithi ([www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)). Phatha indaba nakuphi lapho uya khona! Ziprinte, noma uzifunde noma-ke uzilalele kukhompuyutha noma kumakhalekhukhwini wakho.

**2 Keep a holiday scrapbook.** Recycle unused notebooks or staple some sheets of paper together to create holiday scrapbooks for your children. Encourage them to write about the things they do during the school holidays in their scrapbooks and to draw pictures in them too. They could also include things like tickets from a movie they have seen or the joke from inside a Christmas cracker.



**2 Zigcinele i-scrapbook yamaholide.** Sebenzisa kabusha izincwadi zamanothi noma hlanganisa amakhasi amaphepha ndawonye ukuze wakhele izingane zakho ama-scrapbook amaholide. Zikhuthaze ukuba zibhale izinto eziyenzayo ngesikhathi samaholide esikole kula ma-scrapbook azo zidwebe nezithombe kuwona. Zingaphinde zifake izinto ezifana namathikixhi okubukela imuvi ekade ziyoyibukela noma zibhale amahlaya aphume kuma-cracker kaKhisimusi.

**3 Create a holiday reading corner.** Find a quiet corner in your home and put some pillows, a blanket, children's books and other things to read there. Then spend some time reading stories there with your children. You'll find that they spend time reading there on their own too!


**3 Yakha ikhona lokufunda leholide.** Thola ikhona elingenamsindo ekhaya lakho ubeke imiqamelo, ingubo yokulala, izincwadi zezingane kanye nezinye izinto zokufunda lapho. Bese uchitha isikhathi khona ufundela izingane zakho. Uzothola ukuthi nazo zizogcina zichitha isikhathi khona zifunda!

**4 Play board games.** Many board games involve reading. Have regular board game evenings with friends and family.



**4 Dlalani imidlalo yezingqembe.** Imidlalo edlalelwa ezingqembeni ibandakanya ukufunda. Zijwayezeni ukuba nobusuku bokudlala imidlalo yezingqembe nabangani nomndeni.

**5 Write poems.** As a family, spend time cutting out interesting words from newspapers and magazines. Put all these words into an envelope. Without looking, take out five words. Each of you must then write a poem which includes these five words. After you've finished writing, read your poems to each other. You could paste them in a notebook to create a special family poetry collection.



**5 Bhalani izinkondlo.** Njengomndeni, chithani isikhathi nisika amagama anithathekisayo emaphephandabeni nasemaphephabhukwini. Fakani wonke lawo magama emvalaphini. Ngaphambi kokuwabheka, khiphani amagama amahlanu. Ngamunye wenu kufanele abhale inkondlo ezobandakanya la magama amahlanu. Emva kokuqeda ukubhala, fundelanani izinkondlo zenu. Ningazinamathisela lezi zinkondlo encwadini yamanothi ukuze ziqokelele izinkondlo ezikhethekile zomndeni.



**6 Create a poetry tree.** Do you have a tree in your garden with low branches? If not, find a small tree branch or large twig and place it in the ground or in a bucket of sand. You will also need small sheets of paper or card, kokis, and wool or string. Spend time copying your favourite poems (or parts of them) and/or poems you have created, on separate sheets of paper or card. Make a hole in a top corner and thread some wool or string through it to make a loop. Hang the poems from the tree and enjoy reading them!

**6 Yakhani isihlahla somlando womndeni.** Ninaso isihlahla engadini esinamagatsha amilele phansi? Uma singekho, tholani igatsha lesihlahla elincane noma igatsha elomile nilibeke phansi noma ebhakedeni elinesihlabathi. Nizophinde nidinge ikhasi elincane lephepha noma ikhadi, ikhokhi, newulu noma intambo. Chithani isikhathi nikopisha izinkondlo zenu eziyizintandokazi (noma izingxenye zazo) kanye/noma izinkondlo enizibhalile, emaphepheni ahlukene noma ekhadini. Vulani imbobo ekhoneni eliphezulu nifake iwulu noma intambo kuyona ukuze nenze indlela yokuhhuka. Lengisani izinkondlo esihlahleni bese niithokozela ukuzifunda!

**7 Have a pretend party.** Let your children have fun imagining who they would invite to a party to celebrate the start of a new year. Then suggest they write party invitations and a menu for their pretend party.

**7 Shayani sengathi ninomcimbi.** Vumela izingane zakho zithokozele ukucabanga ukuthi ubani ezingammema emcimbinini wokugubha ukuqala konyaka omusha. Bese uzitshela zibhale izimemo zomcimbi nemenyu yalo mcimbi-mbumbulu.

**8 Follow a recipe.** With your children, follow a recipe for something you have not made before. Remember to read the recipe aloud as you go – or ask your children to do this. Let them help you gather the ingredients, mix and stir.



**8 Landela iresiphi.** Ukanye nezingane zakho, landela iresiphi yokuthile ongakaze ukwenze ngaphambilini. Khumbula ukufunda uphimisele le resiphi njengoba niyenza – noma ucele izingane zakho zikwenze lokho. Zivumele zikusize uqokelele izithako, nixube futhi nigovuze.



**9 Play a guessing game.** Give your children a clue to something near you and see if they can guess what it is. For example, "It is white and has a door. It keeps things cold." (Answer: the fridge.) Take turns giving the clues and guessing.

**9 Dlalani umdlalo wokuqagela.** Nikeza izingane zakho amasu ayizinkomba ento eseduze ubone ukuthi ziyakwazi na ukuqagela ukuthi yini leyo. Isibonelo, "Imhlophe futhi inesicabha. Igcina izinto zibanda." (Impendulo: ifriji.) Shintshisanani ngokunikeza lezi zinkomba nokuqagela.

**10 Create a new ending.** Let your children create a different ending for one of their favourite stories by adding a new character or event to the story. Suggest that they draw pictures that capture their new ending and then they can use these as they retell the story.



**10 Yakhani isiphetho esisha.** Vumela izingane zakho ziziqambe isiphetho esehlukile senye yezindaba zazo eziyizintandokazi ngokufakela umlingiswa omusha noma isehlakalo esithile endabeni. Zitshela ukuthi zidwebe izithombe ezizochaza kahle isiphetho sazo esisha bese zisebenzisa lezi zithombe ukuxoxa kabusha indaba.



Drive your imagination



## Get story active!

Here are some ideas for using the two cut-out-and-keep picture books, *How Dassie missed getting a tail* (pages 5, 6, 11 and 12) and *The best thing ever* (pages 7, 8, 9 and 10), as well as the Story Corner story, *Mulalo and the giant* (page 14). Choose the ideas that best suit your children's ages and interests.



### How Dassie missed getting a tail

A kind lion king wants to make his subjects even happier than they are, so he lets them each choose a tail. All the animals, except Dassie, travel to the palace to choose a tail. Dassie asks his friends to fetch his tail for him.



- ★ Discuss these questions with older children.
  - ✿ Do you think that it was wrong of Dassie's friends to forget to ask for a tail for him? Why/why not?
  - ✿ If you were Dassie, would you have done what he did, or would you have gone to fetch your own tail? Why?
- ★ Use newspaper, string, paint and pegs to make some of the different animal tails in the story. Then hang the tails on a washing line (or a long piece of string) and see if everyone can guess which animals in the story each tail belongs to.
- ★ Write a play using the text from the story – then perform it with family and/or friends!

### The best thing ever

Muzi loves to build things with his toys. But when he leaves his toys behind to travel to Gogo's house, he discovers something very special about the world. And he learns something new about himself.



- ★ As you read the book together, talk about the pictures. Here are some questions you could ask, or comments you could make.
  - ✿ **page 2:** What do you think Muzi was building with? To me, it looks like he's made a tall building. What do you think it looks like?
  - ✿ **page 3:** What do you think Muzi used to build the shelter? Look! It's broken. How do you think that happened?
  - ✿ **pages 6 and 7:** That man's trolley looks very full! What can you see in it? What do you think he's going to do with all of those things?
  - ✿ **pages 8 and 9:** Can you tell what Muzi's idea is?
  - ✿ **pages 10 to 13:** Muzi found a lot of things! Can you see what they are?
- ★ Encourage your children to use scrap materials and/or natural materials to build something.
- ★ Children love making shelters for themselves! Suggest that they use blankets, pillows, chairs and anything else they need to build a shelter for themselves – and then they can play and read inside their shelter!

### Mulalo and the giant

Mulalo is friends with all the animals in the bushveld. One day he is out walking when a mean giant sits down in the road and won't move to let Mulalo pass. The giant finds out that he has a few things to learn about the value of friendship.



- ★ Talk about the story with your children. Together discuss questions like these.
  - ✿ Why do you think the giant had no friends?
  - ✿ Would you have been friends with him if you had met him sitting in the road?
  - ✿ Mulalo says that friends help each other. Do you think that he is correct?
- ★ Encourage your children to write a letter to the giant explaining what they think he should do – as well as what he shouldn't do – if he wants to have friends.
- ★ Mulalo was friends with all the animals. Suggest that your children draw a picture of themselves with their friends.

## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amacebo okusebenzisa izincwadi ozisika uzikhiphe bese uzigcina, *Imbila yaswela umsila* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12) kanye nethi *Into enhle kunazo zonke* (ikhasi lesi-7, lesi-8, lesi-9 nele-10), kanye nendaba yeKhona Lendaba ethi, *UMulalo nezimuzimu* (ikhasi le-15). Khettha imiqondo ehambisana kangcono neminyaka kanye nalokho okuthandwa yizingane zakho.

### Imbila yaswela umsila

Inkosi enomusa eyibhubesi ifuna ukuthokozisa izikhonzi zayo ngaphezu kwalokhu ezikujabule, ngakho ithi izikhonzi ngasinye azizikhethele umsila. Zonke izilwane, ngaphandle kweMbila, ziya esigodlweni ukuze ziyozikhethele umsila. IMbila icela abangani bayo ukuba bayikhethele umsila.

- ★ Xoxani ngale mibuzo nezingane esezizindadlana.
  - ✿ Ucabanga ukuthi yini eyenza abangani beMbila bakhohlwe ukuyicelela umsila? Kungani kunjalo/ kungenjalo?
  - ✿ Uma wena wawuyiMbila, wawungakwenza lokhu eyakwenza, noma wawuzozihambela uyozilandela umsila wakho? Ngobani?
- ★ Sebenzisa amaphephandaba, intambo, upende namaphekisi ukuze wenze imisila yezilwane ezahlukeni ezisendabeni. Lengisa le misila kulayini wezingubo (noma entanjeni ende) bese ubona ukuthi abanye bangakwazi yini ukuqagela ukuthi le misila eyaziphi izilwane ezisendabeni.
- ★ Bhala umdlalo usebenzisa umbhalo osendabeni – bese uwudlala nomndeni kanye/noma nabangani!

### Into enhle kunazo zonke

UMuzi uyakuthanda ukwakha izinto ngamathoyizi akhe. Kodwa uma eshiya amathoyizi akhe emuva evakashela kwaGogo wakhe, uthola okuthile kwekhethelo ngomhlaba. Futhi ufunda okuthile okusha ngaye uqobo.

- ★ Njengoba nifunda incwadi ndawonye, xoxani ngezithombe. Nansi eminye imibuzo ongayibuza, noma okuthile ongakuphawula.
  - ✿ **ikhasi lesi-2:** Ucabanga ukuthi uMuzi wakha ngani? Kimina, kubukeka sengathi yibhilidi elide. Ucabanga ukuthi kubukeka njengani?
  - ✿ **ikhasi lesi-3:** Ucabanga ukuthi uMuzi wasebenzisani ukwakha umpheme? Bukani! Kuphukile. Ucabanga ukuthi lokhu kwenzeka kanjani?
  - ✿ **ikhasi lesi-6 nelesi-7:** Inqola yendoda ibukeka igcwele kakhulu! Ubonani kuyona? Ucabanga ukuthi izokwenzani ngazo zonke lezi zinto?
  - ✿ **ikhasi le-8 nele-9:** Ungakwazi ukusho ukuthi uthini umbono kaMuzi?
  - ✿ **ikhasi le-10 kuya kwele-13:** UMuzi uthola izinto eziningi! Uyakwazi ukubona ukuthi yizinto zini?
- ★ Khuthaza izingane zakho ukuba zisebenzise izinto ezilahliwe kanye/noma izinto zemvelo ukuze zakhe okuthile.
- ★ Izingane ziyathanda ukuzakhela imipheme! Zitshela zisebenzise izingubo zokulala, imiqamelo, izihlalo kanye nanoma yini enye ukuze zizakhele imipheme – bese zidlala zibuye zifunde ziphakathi emiphemeni yazo!


### UMulalo nezimuzimu

UMulalo ungumngani nazo zonke izilwane zasehlanzeni. Ngelinye ilanga ezihambela phandle, kufika izimuzimu elinenhliziyo embi, lihlala phansi emgwaqweni lingavumi ukusuka ukuze uMulalo adlule. Izimuzimu lithola ukuthi kunezinto ezithile okumele lizifunde ngokubaluleka kobungani.

- ★ Xoxa ngale ndaba nezingane zakho. Dingidani ndawonye imibuzo efana nale.
  - ✿ Ucabanga ukuthi kungani izimuzimu lingenabo abangani?
  - ✿ Wena wawungaba umngani walo ukube wahlangana nalo lihlezi emgwaqweni?
  - ✿ UMulalo uthi abangani bayasizana. Ingabe ucabanga ukuthi uqinisile?
- ★ Khuthaza izingane zakho zibhalele izimuzimu incwadi zichaza lokho ezicabanga ukuthi kumele likwenze – nalokho okungafanele likwenze – uma lifuna ukuba nabangani.
- ★ UMulalo wayengumngani nazo zonke izilwane. Tshela izingane zakho zidwebe isithombe sazo nabangani bazo.

### Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
  - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
  - b) Fold it in half again along the green dotted line.
  - c) Cut along the red dotted lines.



### Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
  - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
  - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani.
  - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your  
imagination



“Kunungile!” umngane ngamunye wayemphendula ebe edlula  
Umugqa owaba wujenge oluya emzini wenkosi walokhu uqhubeke  
nokuba mude, kuyo yonke leyo ndlela kwakukhona izisebenzi zenkosi  
ziphetha amanzi nokuncane okuya ngasethunjini ziphathela izilwane  
lezo ezizophiwa imisila. Usuku lonke, inkosi yanikezelela ngemisila, ipha  
izikhonzi zayo ezithokozile.  
Isilwane ngasinye sasondelela etafuleni lapho yayibekwe  
yanqwabekana khona imisila, yayibuza inkosi: “Umsila onjani  
ongakuthokozisa wena?”  
“Ngoba ngithanda ukugibela imithi ngishesha, Nkosi yami,”  
kubhavuulula iNgeve, “Nkosi yami eNkulu ubungengiphhe umsila omude,  
onamandla noqinile?”  
Kwenzeka njengoba yayitha.  
EDubeni, inkosi yathi: “Ngale mithende yakho, wena ufanelwe  
umsila onemithende!”  
IDube lalithokoze lingazenzisi ngomisila walo elaliwutholile.  
INkawu yona yacela umsila omude ongasebenza njengesandla  
sesithathu. “Uma ngixuma ngisuka esihlahleni ngiya kwesinye, isandla  
sesithathu singaba wusizo.” Nangempela iNkawu yawuthola umsila  
omude opetekayo; lokhu kwayijabulisa kakhulu iNkawu.  
Usuku lonke, inkosi yaqhubeka yanikezelela ngemisila ezikhonzini  
zayo, ezinkulu nezincane. Ngasinye ngasinye, izilwane zadlula phambi  
kwenkosi. Ngasinye ngasinye, sacela umsila esiwuthandayo: imisila  
emide, imisila emifishane, imisila emfukumfuku; nebushelelezi nezacile.  
Enamandla, eqinile nethambile nepetekayo ... zonke izilwane zayithola.  
Futhi zayithanda kakhulu imisila ezayiphwa yinkosi yazo.  
“Sonke sibukeka njengamakhosi!” kusho iNdlovu enkulakazi  
ihfuzela, yona ngokuhlakani ipha yayicele umsila omncanyana.

When he saw one of his many friends, he lifted his head, opened  
both eyes and said: “Why, friend, would you be kind enough to bring  
me a tail?”  
“Sure!” each friend replied and hurried on their way.  
The queue at the palace was long and straggly, but all along the  
line, waited the king’s servants with snacks and water to quench the  
thirst of the candidates for tails. That whole day, the king gave tails to  
his delighted subjects.  
As each came to the table, where all the tails lay in a heap, the  
king asked: “What kind of tail will make you happiest?”  
“As I run so fast and climb up trees, my king,” growled Leopard,  
“will it please Your Majesty to give me a long, strong and sturdy tail?”  
And it was granted.  
To Zebra, the king said, “With your stripes, you will get a  
striped tail!”  
Zebra was extremely delighted with the tail he got.  
Monkey asked for a tail long enough to use as a third hand, “For  
when I leap from tree to tree. I need all the help a third hand can give.”  
Monkey was granted a long, pliable tail, and this made Monkey very  
happy indeed.  
All through the day, the king gave tails to his subjects, big and  
small. One by one, the animals filed past the king. One by one, they  
asked for tails that would please them: short tails, long tails, bushy  
tails, and smooth and slinky tails. Strong, sturdy tails and soft, pliable  
tails ... they got them all. And they loved the tails the king gave them.  
“We all look really regal,” huffed gigantic Elephant, who had  
wisely asked for a tiny tail.


All was well in the big, big forest.  
The king of the animals was very happy;  
his subjects were happy and they  
served him very well indeed.  
They served him so well that the king  
asked himself: “My, my, what can I do  
to make my people happier still?”  
But one of the animals misses out.



Trading as **New Africa Books**

This version of *How Dassie missed getting a tail* has been specially adapted for use in the Nal’ibali Supplement. The published storybook, *How Dassie missed getting a tail*, is available in English, Afrikaans, Xhosa, Zulu, Sepedi, Sesotho, Ndebele, Xitsonga, Siswati, Tshivenda and Setswana from Exclusive Books, Bargain Books and all good bookstores countrywide.

Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children’s potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)




UNal’ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



## How Dassie missed getting a tail

### Imbila yaswela umsila


Sindiwe Magona  
Nicole Blomkamp  
Gcina Mhlophe





It was well in the big, big forest. The king of the animals was very happy; his subjects were happy and served him very well indeed. They served him so well that the king asked himself: “My, my, what can I do to make my people happier still?”

His paw went to his head and his eyes grew smaller and smaller still. You see, the king was hard at work, thinking about this new problem: what he could do to make his subjects even happier than they were. At last, he gave up and called his councillors to a meeting.



INdlovu enamandla yona yamemeza yathi: “Yebo! Laphaya, phambi kweSilo samabandla, siyahluleka ukucabanga, kube nzima nokukhuluma usho ukuthi ufisani. Ubani-ke onengqondo nesikhathi sokucabangela esinye isilwane ukuthi sifunani?”

IMbila yabantu, kuze kube namhlanje, ayinawo umsila. Ungakhohliiswa isinqanyana osibona ngemuva ngasemsileni, amafutha nje ewagcina lapho ukukhohlisa abanye kube sengathi nayo inawo umsila ... umsidlana nje omncanyana.

Kepha nawe ungaze uvume ukuthi khona lokho okuncanyana akufani nokungabi namsila kwasanhlobo. Yebo, kungcono kunokungabi nalutho nje. Kungcono khona ... okungenani, yilokho eziduduza ngako iMbila.

Ekugcineni, lwafika olungaliyo. Kungakagali nentathakusa, wagala umugqa omude. Izilwane ezinkulu nezincane, zazilibangtse khona phela esigodlweni. Kwakukhona iNdlumathi, iNgwe neNdlovu, kanjalo noBhejane, iHlosi, iNkawu, iNsephe, neQaga. Ngingayikhohlwa kanjani iNgwenya, iDube, iMvubu, noXamu? Kwakukhona neNgulube futhi. Kanjalo neNkabi neHhashi; iMbongolo neNkomazi. Zonke zazilapho, izilwane zasendle nasehlathini. Zazikhona zonke, ngaphandle-ke kweMbila.

UMbila wayedle ukudla okuningana ngayizolo kusihlwa ngakho wayengazizwa kahle, futhi eziphathelwe nawubuvila nje.

“Ngizocela omunye umngane wami angiphathhele owami umsila,” wazitshele lokho.

Nangempela wenza kanjalo. Wazilalela ngomhlane, ecle ngasemlonyezni womgodi wakhe wawula iso elokhu ebheka okwenzekayo la endleleni. Walala wathi bhabhalala; evule iso elilodwa kancane, ebukele umshungu wezilwane ezazidlula. Uma ebona omunye wabangane bakhe abaninzi, waphakamisa ikhanda, wawavula womabili amehlo wathi: “We mngane wami, ubungengisize, ungiphathhele nami umsila?”

The animals preened and gloated, bragged and teased one another about their tails. They also feasted, danced and sang, and drank ginger beer to their heart's content.

When the rays of the sun grew long and thin, and the shadows grew long and longer still, the animals remembered their caves and burrows. Each animal wanted to get home.


Still singing happily, giddy with delight because of their new tails, the animals began to make their way home. All through the night, singing and dancing, the animals made their way home with their tails up in the air.

But not even one of them had remembered to ask the king for a tail for poor Dassie. No one had asked for that tail.


At the mouth of his burrow, a now wide-awake Dassie waited. His stomach no longer full, he was sitting up, his paws rubbing his cheeks. Yes, he was a bit nervous, a little excited, more excited than nervous. He was also a lot envious. *What will my tail look like? Will I like it? Will it suit me?* Dassie asked himself as a long string of animals began to go past his burrow. And each one strutted, proud as a peacock, head in the clouds.



Muzi has a new idea for  
building the best thing ever.  
UMuzi uhlkelwa umbono  
omusha wokwakha into  
enhle kunazo zonke.



“Every child should own a hundred  
books by the age of five.”




Find out more at [bookdash.org](http://bookdash.org). Read our books  
for free, in all 11 languages, on the Android app.  
Search for “Book Dash” in the Google Play store.



All Book Dash books are open-licensed and are  
created by volunteer professionals at Book Dash events.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment  
campaign to spark children's potential through  
storytelling and reading. For more information,  
visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa  
kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane  
ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye  
imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma  
ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your  
imagination



The best  
thing ever  
Into enhle  
kunazo zonke


Melissa Fagan  
Lauren Nel  
Stefania Origgi





Esitobhini sebhasi,  
uMuzi umangele.  
Ubona izinto  
ezibomvu neziluhlaza  
okwesibhakabhaka.  
Izinto ezincane nezinto  
ezinkulu. Izinto ezintsha  
nezinto ezindala.

At the bus stop, Muzi  
is amazed. He sees red  
things and blue things.  
Small things and big  
things. New things and  
old things.



On the road to Gogo's, Muzi  
finds many things. Long things  
and short things. Round things  
and square things.  
Emgwaqweni obheke  
kwaGogo, uMuzi uthola  
izinto eziningi. Izinto  
ezinde nezimfihlane. Izinto  
eziyindingilizi  
nezinto eziyisikwele.

Muzi loves to build things. He dreams  
of building the best thing ever.



UMuzi uyathanda ukwakha izinto.  
Iphupho lakhe ukwakha into enhle  
kunazo zonke.




“Look, Gogo, a new  
house for you.”  
“Oh, Muzi,” laughs  
Gogo. “This is the best  
thing ever!”  
“Buka, Gogo, ngikwakhele  
indlu entsha.”  
“Awu kodwa, Muzi,”  
kuhleka uGogo. “Lena  
yinto enhle kunazo zonke!”

“Gogo, Gogo!” says  
Muzi. “The world  
is full of toys. Look  
what I can build.”

“Gogo, Gogo!” kusho  
uMuzi. “Umhlaba  
ugcwele amathoyizi.  
Buka nje izinto  
engikwazi ukuzakha.”







“Look, Muzi!  
We are here.”

“Buka, Muzi!  
Silapha.”

Once he built a shelter for his toys.

Ngelinye ilanga wake wakhela amathoyizi  
akhe umpheme.



While Gogo bakes for  
the hungry travellers,  
Muzi builds.

Ngenkathi  
uGogo ephakela  
izihambi ezilambile,  
uMuzi uyakha.

But it wasn’t the best  
thing ever.

Kodwa wawungeyona  
into enhle kunazo zonke.





Namuhla uMuzi uzovakashela uGogo. Udangele. Ngaphandle kwamathoyizi akhe, uzoyakha kanjani into enhle kunazo zonke?




Today Muzi is going to visit Gogo. He is sad. Without his toys, how can he build the best thing ever?

Yesterday he built a bridge for his animals. It was a good thing, but not the best.




Zolo lokhu wakha ibhuloho lezilwane. Lalilihle, kodwa hhayi kunazo zonke izinto.



By the riverside, Muzi finds more things. Soft things and pointy things. Green things and brown things.

Ngasemfuleni, uMuzi uthola ezinye izinto eziningi. Izinto ezintofontofo nezinto ezicijile. Izinto eziluhlaza satshani nezinto ezinsundu.






And, finally, the day arrived. From before sunrise, the queue started forming. Animals big and small, they all made their way to the palace. Giraffe was there, and Leopard and Elephant, and so were Rhinoceros, Tiger, Monkey, Antelope and Skunk. How can I forget Crocodile, Zebra, Hippopotamus and Lizard? Pig was there, too. So were Ox and Horse; Donkey and Cow. The animals of the forest were all there. All, that is, except Dassie.

Dassie had had a hefty dinner the night before and felt a bit out of sorts, a little tired, and a lot lazy.


“I will ask one of my friends to bring me a tail,” he told himself.

And that’s exactly what he did. On his back, he lay at the mouth of his burrow and kept a lazy eye on the goings on. There he sprawled, one eye half open, watching the passing parade.



**K**onke kwakuhamba kahle ehlathini elikhulu. INkosi yezilwane yayithokozile, nezinye izilwane zaziylhlonipha. Zaziikhonza ngenkulu injabulo. Impela izilwane zaziithokozisa kangokuthi inkosi yazibuza yathi: “Ahwwe, ingabe yini engingayenza ukujabuliza lezilwane nangaphezu kwalokhu?”


Yaphakamisa isidladla sayo yazinwaya ikhanda, namehlo ayesefifiyele esemancane. Uyabona inkosi yayijulile ngokucabanga, icabanga ngale nkinga yayo entsha: yayizokwenze njani ukujabulisa lezilwane ngaphezu kwaloku kujabula ezazinakho. Ekugcineni yahluleka yabona kungcono ibizele amalunga omkhandlu ayo ukuza emhlanganweni.



Izilwane zazihamba ziziqhenya zibukisa, zigabisa, ziphinde zigconane nangemisila yazo. Zaphinde zazitika ngokudla okuningi, zacula, zagya, zaphuza namahewu nezinye iziphuzo zaze zazidelisa njengokufisa kwazo.

Kuthe lapho ilanga seliyozilahla kunina, namathunzi esemade, izilwane zakhumbulala imigede nemigodi yazo. Zasuka zabona indlela ebezize ngayo. Yilowo nalowo wayesefuna ebheke ekhaya.

Zazihamba zicula, zisuthi futhi zeneme kakhulu ngemisila yazo emisha, yilowo nalowo egonde ekhaya. Ubusuku bonke, zicula zigya zijabula, izilwane zagoduka imisila yazo ibheke phezulu.



Mighty Elephant trumpeted “Ho-ho-huh! Right there, in front of His Majesty, one’s brain leaves one and it is all you can do to remember what to say. Who has the time and brain to remember what someone else wanted?”

Poor Dassie, to this day, he still does not have a tail. Don’t be fooled by the stump at his rear end, that’s just fat he keeps there so some will think he does have a tail ... a small stump of a tail.

You will agree that’s better than no tail at all. Yes, it is better than none at all. Much better ... At least, that’s what Dassie thinks.

Kodwa kwakungekho ngisho esisodwa isilwane esazizihluphe ngokucela inkosi ukuthi iphe iMbila umisila. Akekho nje owayecele lowo msila.

Emlonyeni womgodi wayo, iMbila yalinda, isivuke ngokuphelele. Isisu sayo singasasuthi, yayisihleli ngezinge, ilokhu ihlikihla izihlathi. Yayiphethwe nayitwetwe, iphinde ibe nethemba, iphinde yesabe. Yayihawukela nemisila yezinye izilwane. Ingabe owami umisila uzoba njani? Ingabe ngizowuthanda nje? Khona uzongifanela nje? IMbila yazibuza ngenkathi ubide lwezilwane lugala ukudlula ngasemgodini wayo. Ngenkathi ngasinye sidlula sibukisa, sihambela phezulu, amakhanda esemafini yintokozo.

Kuthe lapho esefike wonke amalunga omkhandlu ahla phansi, yakhuluma inkosi. “Manje,” kusho inkosi, “ngicela usizo, amingize ngijabulise izikhonzi zami ngapheszu kwalokhu ezikujabule.” Ilunga nelunga lomkhandlu lanwaya isiphongo labeka umunwe ezindebeni. Lacabanga ... lacabanga ... lacabanga, laphinde lacabangisisa kakhulu. Ekugcineni, inhloko yomkhandlu yeza enkosini. “Nkosi enkulu ephakeme,” kusho yona, “amalunga omkhandlu aphakamisa umbono. Uma kungakuthokozisa lokhu wena Silo Samabandla, bekunganjani uma unganikeza isilwane ngasinye umsila na?” Inkosi yamamatheka, yahlala kahle yathi qingqo. Amehlo ayo yawavula yawavulisisa. “Muhle! Muhle kakhulu umbono wenu!” Yasho iNkosi ihlikihla izandla zayo ngenkulu intokozo. “Umsila!” ibabaza. “Isilwane ngasinye sizosinika umsila, lokhu kuzozijabulisa ngempela, kakhulu futhi!” Yaphenduka yabuka amalungu omkhandlu wayo. “Hambani niye ehlathini lonkana” isho ibathuma. “Bizani zonke izilwane ukuthi zize esigodlweni, mina ngizozipha zonke imisila.” Yabe isibatshele nosuku nesikhathi lokhu okwakuzokwenzeka ngaso. Ahamba-ke amalungu aphuma ngobuningi bawo. Ashona kumagumbi onke ehlathi. Aphuma-ke aya kuzo zonke izinkalo zehlathi. Awashiyanga sithabha nasikhotha, awashiyanga msela namgede engalunguzanga. “INkosi isikhulumile” basho. “Ngalolu suku kule nyanga, kusukela ekuseni kuze kube sebusuku, isilwane nesilwane kumele sifike sizokwamukela umsila.” Zonke izilwane zazazi ukuthi noma kanjani kuzoba khona elikhulukazi idili elake labakhona ezweni; ngoba phela inkosi uma ibize izikhonzi zayo, yayizidekela ukudla okumandi okuningi, zidle zize zicishe ziqhume izisu. Izilwane zazingasakwazi nokulinda kuze kuifike lolo suku. Nsuku zonke, zazidweba iziphambano emakhalendeneni azo, sezingasakwazi nokuzibamba ukulindela lolu suku.

When all the councillors were seated, the king spoke. “Now,” said the king, “please, help me make all my subjects happier than they already are.” Each councillor scrunched his forehead and put his paw finger on his lips. And thought ... and thought ... and thought, really hard. Finally, the chief councillor came to the king. “Your Royal Highness,” he said, “the councillors have a suggestion. If it pleases Your Royal Highness, why not give each animal a tail?” Beaming, the king sat up. He opened his eyes wide and wider still. “Excellent! Excellent!” The king rubbed his hands in glee. “A tail!” he exclaimed. “A tail for each animal, we shall give them, to make them all happy and happier still!” Then he turned to his councillors. “Go to the whole forest,” he commanded. “Ask all the animals to come to the palace, and I shall give each one a tail.” He also told the councillors the day on which the event would take place. Out went the councillors, one and all. Out they went to all corners of the forest. They left not a tree or bush, burrow or cave, unvisited. “Thus has the king spoken,” they said. “On this day, of this month, from morning till night, to each and every one of his subjects, he will give a tail.” All the animals knew there would be a feast bigger and better than any in the land; for when the king called his subjects to the palace, he fed one and all till their stomachs almost burst. The animals could hardly wait for the day. Every day, they made crosses on their animal calendars, impatient for the big day to come.

To each, Dassie asked, “Friend, where is my tail? Did you not bring it with you?” Some just shook their heads and strolled right past. Others stopped for a second, their eyes popping from shock, and then scurried off and away. Still others also shook their heads and strolled right past. But there were a few who put their hands on their waists and guffawed, “Why didn’t you go and get your own tail, you lazy thing?” “Oh, dear,” squeaked the field mouse, whiskers bristling, “I forgot.” If truth be told, that was what happened to many animals – all Dassie’s friends. In the hustle and bustle of getting their own tails, they clean forgot about Dassie’s tail. Clean forgot to ask the king for that tail. Wise, considerate donkey shook his head. “Oh dear, I clean forgot!” he said. Giraffe said, “Everybody gets very nervous when they come before His Royal Highness. Dassie should have walked the walk like all of us.” “Mmh,” mumbled Sheep. “Serves him right ... Yes, indeed, serves him right, lazy so-and-so. If you want a tail, get up and get one for yourself.”





Esilwaneni ngasinye, iMbila yayibuza, “Mngane wami, uphi owami umsila na? Ungiphathele?” Ezinye zanikina amakhanda zazihambela. Ezinye zake zema kancane, ziqhunsule amehlo ukuthuka, ezinye zabaleka. Kodwa ezinye zanikina amakhanda zazihambela. Kwakukhona nezinye-ke ezabeka izandla okhalweni zafa ukuhleka. “Wena kade ubanjwe yini ungahambi uyozilandela owakho umsila, vila ndini?” “Awu, bakithi,” kukhala igundane elincane, kunyakaza izindevu zalo, “ngikhohliwe bandla.” Eqinisweni-ke, yilokho kanye okwakwenzekile kuzo zonke izilwane - bonke abangane beMbila. Kuleso siphithiphithi sokuzama ukukhetha eyazo imisila, zakhohlwa nya ngomsila weMbila. Kwakuphumile nje emicabangweni yazo ukucela inkosi lowo msila. IMbongolo ehlakaniphile neyayicangelana yanikina ikhanda. “O, nami ngizikhohlwelwe bakwethu!” kusho Imbongolo. INdlulamithi yathi “Wonke umuntu uba nokwesaba uma emi phambi kweNkosi yezilwane. IMbila nayo bekumele ihambe iziyele khona njengathi sonke.” “Mhmm,” kusho iMvu isholo phansi. “Uyalunga lo ... Yebo, impela, uyalunga, lo vila voco. Uma ufuna umsila, sukuma uhambe uyozilandela.”




# Nal'ibali fun Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

1.



 Can you find the words in the story, *How Dassie missed getting a tail*, that fit with this picture? Once you've found them do the following.


1. Cut out this picture and paste it in the middle of a large sheet of paper.
2. Write the words from the story that go with it under the picture. You may also want to add some speech bubbles to the picture.
3. Draw two boxes the same size as this picture – one to the left of the picture and one to the right of it.
4. In the empty boxes, draw pictures to show what happened in the story just before this picture and just after it. Then copy the words from the story under your pictures.

 Ngabe ungawathola amagama endabeni ethi *Imbila yaswela umsila* ahambisana nalesi sithombe? Uma usuwatholile yenza lokhu okulandelayo.

1. Sika ukhiphe isithombe bese usinamathelisa phakathi nendawo ekhasini elikhulu.
2. Bhala amagama asendabeni ahambisana naso ngaphansi kwesithombe. Kungenzeka futhi ukuthi ufune ukufaka amabhamuza enkulumo esithombeni.
3. Dweba amabhokisi amabili awubukhulu obufanayo nalesi sithombe – elilodwa kwesokunxele sesithombe kanye nelineye kwesokudla saso.
4. Emabhokisini angenalutho, dweba izithombe ezizokhombisa ukuthi kwenzekeni endabeni ngaphambi kwalesi sithombe kanye nangemva nje kwaso. Bese ukopisha amagama avela endabeni uwabhale ngaphansi lwezithombe zakho.




2.

 Find the answers to the clues below in the stories in this supplement. Write down one word to answer each clue. Then find these words in the wordsearch block below.

1. The type of animal that did not get a tail. \_\_\_\_\_
2. The type of animal that was king. \_\_\_\_\_
3. The type of animal that got a striped tail. \_\_\_\_\_
4. Dassie's home was a \_\_\_\_\_. \_\_\_\_\_
5. What Muzi built for his animals. \_\_\_\_\_
6. What Muzi was waiting for when he saw the man with the trolley. \_\_\_\_\_
7. What Muzi built for Gogo. \_\_\_\_\_
8. What the giant first wanted Mulalo to give him to move out of the road. \_\_\_\_\_
9. Mulalo tried to make the giant laugh by telling him a \_\_\_\_\_. \_\_\_\_\_
10. The type of tree that Mulalo had to climb. \_\_\_\_\_

b	y	e	n	o	m	s
r	b	e	d	a	j	u
i	b	u	r	r	o	w
d	a	h	s	b	k	r
g	b	o	y	e	e	i
e	o	u	m	z	k	a
d	a	s	s	i	e	r
p	b	e	l	i	o	n

 Thola izimpendulo zezinkomba ezingezansi endabeni kulesi sithasiselo. Bhala phansi igama elilodwa lokuphendula inkomba ngayinye. Bese uthola la magama ebhulokini lokucinga amagama ngezansi.


1. Uhlobo lwesilwane esingawutholanga umsila. \_\_\_\_\_
2. Uhlobo lwesilwane olwaluyinkosi. \_\_\_\_\_
3. Uhlobo lwesilwane esathola umsila onemithende. \_\_\_\_\_
4. Ikhaya leMbila kwaku \_\_\_\_\_. \_\_\_\_\_
5. Into uMuzi ayakhela izilwane zakhe. \_\_\_\_\_
6. Into eyayilindelwe uMuzi ngenkathi ebona indoda enenqola. \_\_\_\_\_
7. Into uMuzi ayakhela uGogo. \_\_\_\_\_
8. Into izimuzimu elaqala layifuna uMulalo alinike yona ukuze lisuke emgwaqweni. \_\_\_\_\_
9. UMulalo wazama ukuhlelisa izimuzimu ngokulitshela \_\_\_\_\_. \_\_\_\_\_
10. Uhlobo lwesihlahla esagitshelwa uMulalo. \_\_\_\_\_

m	r	z	f	q	h	i	c	o
i	u	p	v	i	a	m	v	v
d	m	e	i	b	h	a	s	i
o	k	b	o	h	p	l	i	n
g	h	u	i	u	l	i	h	d
m	o	d	g	l	n	a	l	l
u	m	i	u	o	a	j	a	u
c	o	u	y	h	o	y	y	a
x	u	m	g	o	d	i	a	m
o	i	s	e	b	u	h	b	i



Answers: (2) 1. dassie 2. lion 3. zebra 4. burrow 5. bridge 6. bus 7. house 8. money 9. joke 10. baobab  
Izimpendulo: (2) 1. imbila 2. ilion 3. zebra 4. umgodi 5. ibhuloko 6. ibhasi 7. indlu 8. imali 9. ihlaya 10. umkhomo

# Mulalo and the giant



Retold by Kai Tuomi ★ Illustrations by Natalie and Tamsin Hinrichsen

Mulalo could talk to animals. He could understand what each animal said AND each animal could understand what Mulalo said.

While he was out walking one day, Mulalo passed a weaver bird's nest.

"Help us," said a little voice from inside the nest, "there's a snake in here and he's trying to eat us."

Mulalo looked inside the nest and sure enough, a snake was coiled around three little weaver birds. The snake's mouth was open and he was about to gobble them up. Mulalo pulled the snake out and threw him across the road.

"Noooo," shouted the snake, as he flew through the air and landed in a bush.

"Thank you," said the weaver birds, "we will never forget this."

Further down the road Mulalo passed a fluffy brown bottom, belonging to an aardvark, poking out of a big anthill.

"Help us," said hundreds of tiny voices, "there's an aardvark here and he's breaking our anthill!"



"Hey," said Mulalo, tapping the aardvark on the back, "could you please leave these ants alone, you're ruining their home."

"Okay," said the aardvark, popping out of the anthill and running off into the bushveld.

"Thank you," said all the ants to Mulalo, "we will never forget this."

Mulalo carried on walking and soon he came to a river.

"Help," said a voice from the river bank. When Mulalo looked, he saw a

fish lying on the sand. "Please put me back into the water," said the fish, "a mean old giant left me here, and I can't breathe on dry land."

Mulalo put the fish back into the water. *SPLASH!*

"Thank you," said the fish, wagging his fins, "I will never forget this."

Mulalo walked along the road that ran next to the river. He hadn't gone very far when he heard: *BOOM! CRASH! BANG!* A giant was stomping through the bushveld! Then Mulalo saw him sit down in the middle of the road – *THUMP!* The giant was so big that Mulalo knew he would not be able to get past him.

"Hello," said Mulalo, "could you please move?"

"Do you have any money?" asked the giant.

"No," said Mulalo.

"Well, I'm not moving until I get something from you," said the giant. "I suppose you could try to make me laugh. If you tell me a good joke, I will let you pass."

So Mulalo told the giant a joke. It was about a monkey and a giraffe, but it wasn't very funny and so the giant didn't laugh.

"You'll have to do something else," said the giant. "Let me think. Do you see that baobab tree over there?" Mulalo nodded. "Get me a pod from the top of that baobab," said the giant, "and I'll think about letting you pass."

Mulalo tried to climb up the tree, but the trunk was very slippery and he couldn't get a good grip. Suddenly, something flew past his head.

"We can help," said the three little weaver birds from earlier. Weaver birds are very good at making things. They collected grass and reeds and made a long rope. They hung the rope from the top of the tall tree.

"Thank you," said Mulalo, and he climbed up the rope and got a baobab pod from the top of the tree.

"Not fair," said the giant, taking the pod. "You cheated."

"I got help from my friends," said Mulalo. "That's not cheating. Can I please pass now?"

"Well, no," said the giant. "That was much too easy. I tell you what. Do you see that grass patch over there?" Mulalo nodded. The giant took out a bag of beans and scattered them all over the grass. "Pick up all my beans before I count to twenty and I will let you pass," said the giant laughing. "Let's see your friends help you now."

So Mulalo went to the grass patch and started picking up the giant's beans.

"We'll help," said hundreds of voices from the grass. Mulalo looked down and saw lots and lots of ants.

"Thanks," he said, smiling. With the ants' help, Mulalo collected all the beans before the giant had even counted to twelve! He handed the beans to the giant.

"Why did the little weaver birds and the ants help you?" asked the giant, looking very confused.

"Because they're my friends, and that's what friends do – they help each other," said Mulalo.



"Okay, one last test," said the giant. He picked up a red stone and threw it into the deepest part of the river. "Fetch that," he said, laughing.

Mulalo looked down into the river. There was a flash of silver and the fish popped its head out of the water. In its mouth was the red stone.

"Thank you," said Mulalo. He gave the red stone to the giant.

The giant started to cry. "I wish animals

helped me like they help you," said the giant. "I'm mean and no one ever does what I want. Maybe I'll try to be more like you."

Mulalo gave him a hug and the giant walked off into the bushveld. From that day on, the giant stopped being mean and even though he couldn't talk to animals like Mulalo could, he became good friends with all of them and he helped them whenever they needed it.



Drive your  
imagination



# UMulalo nezimuzimu

Ixoxwa kabusha uKai Tuomi ★ Imidwebo nguNatalie noTamsin Hinrichsen

Ikhona  
lendaba

UMulalo wayekwazi ukukhuluma nezilwane. Wayekwazi nokuzwa isilwane ngasinye FUTHI izilwane nazo zazikwazi ukumuzwa uMulalo uma ekhuluma.

Ngenkathi esahamba ngelinye ilanga, uMulalo wadlula eduze nesidleke senyoni.

“Ake usisize,” kwasho izwi elincanyana ngaphakathi esidlekeni, “kunenyoka la futhi izama ukusidla.”

UMulalo walunguza ngaphakathi esidlekeni wabona ngempela, inyoka eyayizithandele emaphuphini amahloko amathathu. Umlomo wenyoka wawuvulekile seyilungele ukuwasobozela. UMulalo wakhipha inyoka wayitshinga le phesheya komgwaqo.

“Hhaaaaaayi,” kumemeza inyoka, ngenkathi iphezulu emoyeni yaye yayothi bhalakaxa esikhotheni.

“Siyabonga,” kusho amahloko, “asisoze sakukhohlwa lokhu.”

Ngezansana kwalapho emgwaqweni uMulalo wedlula esingezansi esimvukumvuku esinsundu, okwakungesesambane, silunguze esidulini sezintuthane.

“Sicela usisize,” kwasho amakhulu ngamakhulu amazwi amancanyana, “kunesambane lapha, futhi sibhidliza isiduli sethu!”



“Hheyi,” kusho uMulalo, ethinta isambane emhlané, “ngicela uyeke lezi zintuthane bandla, ubhidliza ikhaya lazo.”

“Kulungile,” kwasho isambane, siphuma esidulini, sasho sagijima sayosithela ehlanzeni.

“Siyabonga,” kusho zonke izintuthane kuMulalo, “asisoze sakukhohlwa lokhu.”

UMulalo waqhubeka nohambo lwakhe masisha wafika emfuleni.

“Siza bo,” kwasho izwi elalivela osebeni lomfula. Lapho uMulalo ebuka, wabona inhlanzi ilele

esihlabathini. “Ngicela ungiphindisele emanzini,” kwasho inhlanzi, “izimuzimu elidala elinenhliziyo embi lingishiye lapha, angikwazi ukuphefumula emhlabeni owomile.”

UMulalo wabuyisela inhlanzi emanzini. *GXUMBU!*

“Ngiyabonga,” kusho inhlanzi, “angisoze ngakukhohlwa lokhu.”

UMulalo waqhubeka ehamba emgwaqweni owawuya komunye umfula. Wayengakabiphi lapho ezwa: *BHADLA! FAHLA! DIDLI!* Izimuzimu lalihamba ligxoba ezihlahleni! UMulalo walibona lihlala phansi phakathi nomgwaqo - *DEKLE!* Izimuzimu lalilikhulu kangokuthi uMulalo wavele wabona nje ukuthi ngeke akwazi ukudlula kulona.

“Sawubona,” kwasho uMulalo, “ngicela usuke endleleni?”

“Unayo imali?” kubuza izimuzimu.

“Cha,” kusho uMulalo.

“Hhayi-ke, angiyi ndawo ngaphandle kokuthi kube khona onginikeza kona,” kwasho izimuzimu. “Mhlawumbe ungake uzame ukungihlekisa. Uma ungitshelela ihlaya, ngizokudlulisa.”

Ngakho-ke uMulalo waxoxela izimu ihlaya. Lalimayelana nenkawu nendlulamithi, kodwa lalingahlekisi, ngakho-ke izimu alihlekanga.

“Kuzofanele wenze okunye,” kusho izimu. “Ake ngicabange. Uyabona lesiya sihlahla somkhomo laphaya?” UMulalo wanqekuzisa ikhanda. “Ngikhelele umdumba laphaya esicongweni salesiya sihlahla,” kwasho izimu, “mhlawumbe-ke ngingakudlulisa.”

UMulalo wazama ukugibela esihlahleni, kodwa isiqu saso sasishibilika kakhulu ngakho wangakwazi ukubambelela kahle. Kwathi engazelele, kwadlula okuthile kundiza ekhanda lakhe.

“Singakusiza thina,” kwasho amahloko amathathu amancane abehlangane nawo ngaphambilini. Amahloko anekhono elikhulu lokwenza izinto. Aqoqa utshani nemihlanga enza intambo ende. Alengisa intambo esicongweni sesihlahla eside.

“Ngiyabonga,” kwasho uMulalo, wagibela entanjeni wawuthola umdumba womkhomo esicongweni sesihlahla.

“Hhayi akulunganga lokho,” kwasho izimuzimu, lithatha umdumba. “Wenze ubugebengu.”

“Ngisizwe abangani bami,” kusho uMulalo. “Akubona ubugebengu lobo. Sengingadlula manje?”

“Empeleni, cha,” kusho izimuzimu. “Bekulula kakhulu lokhu. Uyazi ukuthin? Uyabubona lobuya tshani laphaya?” UMulalo wanqekuzisa ikhanda. Izimuzimu lakhipha isikhwama sikabhontshisi lawusakaza kubo bonke utshani. “Cosha wonke lo bhontshisi wami ngaphambi kokuba ngibale ngifike emashumini amabili, ngizobe sengikudlulisa-ke,” kwasho izimuzimu linsinsithea lihleka. “Ake sibone abangani bakho bekusiza phela.”

Ngakho uMulalo waya kulobo tshani waqala ukucosha ubhontshisi wezimuzimu.

“Sizokusiza,” kwasho amazwi angamakhulu ngamakhulu otshanini. UMulalo wabuka phansi wabona izintuthwane eziningi.

“Ngiyabonga,” kusho yena, emamatheka. Ngosizo lwezintuthane, uMulalo waqoqa wonke ubhontshisi ngaphambi kokuba izimuzimu lifike naseshumini nambili! Wanikeza izimu ubhontshisi walo.

“Kungani amahloko nezintuthane zikusizile?” kubuza izimuzimu, libukeka lididekile kakhulu.


“Ngoba zingabangani bami, abangani benza lokho – bayasizana,” kusho uMulalo.

“Kulungile, nasi isivivinyo sokugcina,” kusho izimuzimu. Lacosha itshe elibomvu laliphonsa ekujuleni komfula. “Hamba ulilande,” lasho ligigitheka.

UMulalo wabuka phansi emfuleni. Kwathi pheshe okusasiliva kwase kuqhamuka inhlanzi emanzini. Emlonyeni iphethe itshe elibomvu.

“Ngiyabonga,” kusho uMulalo. Wanikeza izimuzimu itshe elibomvu.

Izimuzimu lavele lakhala. “Ngifisa sengathi nami izilwane zingangisiza njengoba zisize wena,” kwasho izimuzimu. “Ngiwuntu omubi futhi akekho umuntu owenza okushiwo yimina. Mhlawumbe kufanele ngizame ukuba njengawe.”



UMulalo wawola izimuzimu wahamba wayosithela esikhotheni. Kusukela ngalelo langa, izimuzimu layeka ukuba nenhliziyo embi yize noma lalingakwazi ukukhuluma nezilwane njengoMulalo, kodwa laba umngane nazo zonke futhi lalizisiza nanini lapho kudingeka usizo.

Nal'ibali fun

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

1.

Find **eight** differences between these two pictures.

Thola izinto ezihlukile **eziyisishiyagalombili** kulezi zithombe ezimbili.

A

B

2.

Here is a message written in a secret code. Can you work out what it says?

In the message, each letter of the alphabet has been replaced by a number. Write the letter below each number to work out what the message says. Use the blue code-breaker table to help you.

8	15	16	5		25	15	21		8	1	22	5		1

8	1	16	16	25		8	15	12	9	4	1	25	!

Nangu umyalezo obhalwe ngekhodi eyimfihlo. Uyakwazi ukuwufunda ukuthi uthini?

Emyalezweni, ohlamvini ngalunye lwe-alfabethi kubekwe esikhundleni salo inombolo. Bhala uhlamvu ngezansi kwenombolo ngayinye ukuze ukwazi ukubona ukuthi umyalezo uthini. Sebenzisa ithebhula lokuhlakaza ikhodi ukuze likusize.

19	5	20	8	5	13	2	1		21	26	15	2	1	

14	5	8	15	12	9	4	5		5	12	9	14	5	14	20	15	11	15	26	15	!

A	B	C	D	E	F	G	H
1	2	3	4	5	6	7	8
I	J	K	L	M	N	O	P
9	10	11	12	13	14	15	16
Q	R	S	T	U	V	W	X
17	18	19	20	21	22	23	24
Y	Z						
25	26						

3.

Use the blue code-breaker table to write your own secret messages to a friend.

Sebenzisa ithebhula eliluhlaza okwesibhakabhaka lokuxazulula ikhowudi ukuze ubhalele umngani wakho eyakho imilayezo eyimfihlo.

Don't forget that we will be taking a break until the week of 21 January 2018. Enjoy the holidays, and join us after the holiday for more Nal'ibali reading magic! In the meantime, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) to find stories and reading-for-enjoyment inspiration.

Ungakhohlwa ukuthi sizothatha ikhefu kuze kube isonto langomhla zingama-21 kuMasingana 2018. Thokozela amaholide, bese uhlanganyela nathi ngemva kwamaholide ukuze uthole omunye umlingo wokufunda wakwaNal'ibali! Okwamanje, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) ukuze uthole ezinye izindaba kanye nokukuvusa usinga kokufundela ukuzithokozisa.

Produced for Nal'ibali by the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Tiso Blackstar Education. Translation by Malungi Mbhele. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

SW Sunday World

Drive your imagination

16